sivakashela	umtholampilo	njalo
usebenzise	ngakini	simelwe



4.

Bhala

Sebenzisa amagama asebhokisini ukwakha umusho.

umtholampilo nje ngakini ukhona

sivakashela umtholampilo sihlala

umtholampilo kuhle ukuvashela

5.



Masifunde

Umntwana wakho uphethwe yisisu esihambisayo. Kumele ubilise izinkomishi ezine zamanzi bese uwayeka aphole. Emva kwalokho uwafake ebhodleleni elihlanzekile. Faka ithisipuni likasawoti kanye nezipuni eziyisikhombisa zikashukela. Nyakazisa ibhodlela uze uncibilike ngokwanele usawoti noshukela namanzi. Phuzisa umntwana lokhu kancane kancane emini nasebusuku.



Bonke abantu kumele bahlolwe ukuthi kabanayo yini ingculazi. Khumbula futhi ukuthi kumele usebenzise ikhondomu uma uya ocansini.



Kumele uthathe amaphilisi e-ARV zonke izinsuku ngesikhathi esifanayo ngesikhathi sokudla.



Ngenxa yokuthi unengculaza, kuhle udle imifino nezithelo eziningi ukuze umzimba wakho uhlale uphilile.





Masikhulume

Bheka izithombe ezingenhla bese usho ukuthi udokotela noma umhlengikazi uthini.



Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisele yini (yebo) noma awuqinisele (cha).

	Yebo	Cha
Simelwe ukuhlololwa igciwane lengculazi kanye nofuba emtholampilo.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Amakhondomu ayayivikela ingculazi.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Kumele sithathe amaphilisi e-ARV ngesikhathi esifanayo nsukuzonke.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ungayithola ingculazi ekudleni.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Kumele sibanakekele abantu abaphethwe yingculazi.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>



Masikhulume

Xoxa ngokuthi singabanakekela kanjani abantu abagulayo.



Funa

Thola izinombolo zocingo zalaba bantu.



MAKHANDA PLUMBERS:373 Burger St PtaNrth Pta	012 546 7566
MAKHANDA TD Southern House 222 PretrS t PtaVntrl Pta	012 323 3655
MAKHANDO LA 187 Ljn nRd KrnPrk	012 549 0568
W 130 Riango St MortleVw Mmldi.....	012 805 9674
MAKHANI GT 3 MabuelaSt Atrdgv lle	012 373 5109
MAKHANI MM 1 Romeo St Prtria Tw Twnlnds 351jr Pta	012 324 6010
MAKHANYA EK 4Gidn Sb eeperA v Dniv l Pta	012 386 6355
K Stnd 1627 MmldiE	012 801 1842
MP 167 MoroeSt Atrdgv le	012 373 0985
MS 850 KollieSt Grf tn Pta	012 993 3084
S 10531Dmhlz St Ma le	012 812 1001
Salome MrS tnd 15905 MmldiE	012 801 4726

Igama

Inombolo

MAKHANDA TD

MAKHANDO LA

MAKHANI GT


MAKHANI MM



Masizijabulise

Xoxisana nomngane wakho usho ukuthi ingane ikhula kanjani nxa umuntu ekhulelwe.


UKULANDELA UKUKHULA KWENGANE




Ukubamba isisu




Isonto 2



Isonto 3



Isonto 4



Isonto 6



Isonto 8



Isonto 12



Isonto 16



Amasonto 20-36



Amasonto 37-40





Isifundo 4.4

Kumele sidle imifino ukuze sihlale siphilile.



Makesibuke isithombe esingenhla bese sixoxa ngaso.



Masifunde

Singazitshalela imifino ukuze siyidle sibe nemizimba ephilayo. Akubizi kangako ukutshala imifino.



Tthola

Tthola lemisho uyiphimise, bese uthola uphinde uzungelezele izinhlamvu kumbe amagama angakwesobunxele kule misho elandelayo.

hle	Singazitshalela imifino yethu emihle.
mzi	Ukudla imifino kwakha umzimba oqinile.
tsha	Yikha izitshalo esezivuthiwe.
mba	Nyakazisa umzimba ngokusebenza.
nze	Umzimba mawuhlale uhlanzekile.



Bhala

Dweba umugqa wokuhlukanisa lemisindo.

Isibonelo u/q i/n i/le		
ukunyakazisa	umzimba	kuyimpilo
esezivuthiwe	ngokusebenza	ohlanzekile



Bhala

Sebenzisa amagama asebhokisini ukwakha umusho.

esezivuthiwe	yikha	izitshalo

unyakaza	umzimba	uqinile ohlala

yethu	singazitshalela	imifino

5.

Khari audi



Masifunde



Ehlobo uMaMkhize uvame ukuya ensimini. Uyombona ngebhayana kushunqa uthuli ephuthuma.



Kuzothi nxa kukhwela imini aye ngaphansi kwesihlahla eseyoda.




Usebenza ensimini izinsukwana eziningana ephindelela.



NgoKhisimusi usebenza kusukela ekuseni kuze kuyoshona ilanga evuna imifino elungiselela umndeni wakhe kanye nabangane.

Lapho-ke kuzoma izimoto zishaye ujenga zizothenga. Imali igwala amasaka.



6.



Masikhulume

Imifino iyimpilo kubantu abanengculazi. Xoxa ngokuthi imiphakathi ingenza kanjani ukuthi isebenzisane ekutshaleni imifino ukuze idliwe ngumuntu wonke.



Khari audi

7.

Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisile yini (yebo) noma awuqinisile (cha).

	Yebo	Cha
UMaMkhize usebenza ensimini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Utshala izithelo nemifino.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Uthengisa imifino yakhe ngePhasika.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ugqoka ijazi lakhe uma eseya emasimini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Uhlala phansi kwesihlahla adle ukudla kwasemini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>

8.



Masikhulume

Bhekisisa lesi sithombe ubone ukuthi kungakanani ukudla okumele sikudle ngosuku ezinhlotsheni zakho ezahlukahlukene.

Okunobisi

ubisi
iyogathi
amasi

Imifino

Izaqathe
ithanga
ubhontshisi
ikhabishi
isipinashi

Okunama- phrotheni

inyama
inhlanzi
isoya
ubhontshisi
inkukhu

Izithelo

ama-apula
amapetshisi
amapheya
amapilikosi

Okusan- hlamvu

ilayisi
iphasta
isinkwa
impuphu

Kuhle udle ngosuku ngalunye ukudla okusebhokisini.



Khari audi

9.

Bhala
Faka okhefana kule misho.

Isibonelo

Ngidla ikhabishi, utamatisi, inyama kanye nelayisi.

Ngitshala utamatisi ubhontshisi amazambane kanye namapetshisi.

Sithenga isinkwa ubisi impuphu kanye nokalakateni nyanga zonke.



10.

Masizijabulise
Sithenga izinto zasendlini.



LUX WHITE KVI 125 G
R2,99



ULTRA SURF 1 KG
R19,39



BLOSSOM MARGARINE BRICK 500 G
R6,89



EXCELLA SUNFLOWER OIL 750 ML
R7,99

SUPER SUN SUPER MAIZE MEAL 5 kg
R16,85



AJAX-A DISINFECTANT 750 ML
R10,99



COLGATE TOTAL 1/PASTE 100 ML
R6,99



B/CAT P/BUTTER SMOOTH KVI 410 G
R9,49



FIVE ROSES T/LESS T/B KVI 100 'S
R15,99



S/LIGHT FAB COND CLASSIC 2 LT
R16,99



SELATI WHITE SUGAR 1 KG
R5,59



KELLOGGS CHOCO CORN FLAKE 375 GR
R19,49



CLOVER FULL CREAM MILK 1 L
R6,65

Igama lesitolo

**MONUMENT PARK
SUPERSPAR**

Vat No: 4040116644

Tel No: 460-8161

TAX INVOICE

Intengo yezimpahla



SLTI WHT SGR 1KG	R5.59
KELOGS CHOCO CRN	R19.49
LUX WHITE	R2.99
BLOSSOM 500G	R6.89
B/CAT P/BTR SMTH	
*BCAT P/BTR SMTH	R7.99
SNLGH FBRIC CLA	R16.99
SURF C/BRITE REG	R19.39
AJAX D/W LIME	R10.99
COLGATE TOTAL TP	R6.99
EXCELLA S/FLOWER	R7.99
F/ROSES T/L T/B	R15.99
S/SUN S/MAIZE	R16.85
CLOVER F/CRM MLK	R6.65
PACKAGING	
2 @	R0.21
	R0.42
15 BAL DUE	R145.21
ROUNDING	R0.01
CASH	R200.00
CHANGE	R54.80
SUB TOTAL	R131.24
TOTAL TAX	R13.97
TOTAL	R145.21

Isikhathi okhokhele ngaso izimpahla

CASHIER NAME: NICOLIN

C0026 #0374

19:20:59

18JUL2004

S0001

R004

Usuku

Isamba osikhokhile

Ushintshi owunikiwe



Simelwe ukuhlala ezindaweni ezihlanzekile



Makesibuke isithombe esingenhla bese sixoxa ngaso.



Masifunde

Sidinga ukusebenza ngokubambisana ukuze senze indawo yethu ihlanzeke. Kumele sikhuculule ngaphandle emzini wethu.



Thola

Thola lemisho uyiphimise, bese uthola uphinde uzungelezele izinhlamvu kumbe amagama angakwesobunxele kule misho elandelayo.

ndawo	Masisebenze ndawonye ngokumbambisana.
mpi	Onompilo bathanda indawo ephilile.
hlo	Abezempilo bayazihlola izindawo.
ngoba	Emakhaya kuhle ngoba konke kuyimvelo.
nda	Indawo engahlanzekile ayinampilo.



Khari gudi

Bhala

Dweba umugqa wokuhlukanisa lemisindo.

Isibonelo

nga/be/ze/mpi/lo

indawo

yethu

iyanconywa

bayazihlola

onompilo

bayathanda



Khari gudi

Bhala

Sebenzisa amagama asebhokisini ukwakha umusho.

Onompilo bathanda indawo ephilile

Abezempilo bayazihlola izindawo

ngaphandle wakho Hlanza Emzini



Masifunde

Kuyakhucululwa

Emhlanganweni wethu wokugcina savumelana ngokuthi sikhuculule indawo yethu.

- Inhlango yamakhosikazi yavumelana ngokuthi izotshala imifino eduze kwesikole. Bazobuza umsizi womphakathi ukuthi bangayithola kuphi imbewu yokuqala umsebenzi wokulima.
- Izikole zavumelana ngokuthi zizofundisa abantwana besikole ukukhuculula imfucuzo emigwaqweni.



- Ikomidi lentuthuko lavumelana ngokuthi lizokhuculula eduze komfula.
- Wonke umuntu unento azoyenza kulokhu. Indawo ehlanzekile inempilo. Indalo ngeyethu. Vikela ikusasa lakho namuhla!



Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisele yini (yebo) noma awuqinisele (cha).

	Yebo	Cha
Amakhosikazi azotshala imifino.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ikomidi lentuthuko lizopenda isikole.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Abantwana bazohlaza imigwaqo.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Amantombazane esikole azokwakha izindlu zangasese.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ikomidi lentuthuko lizokhuculula ngasemfuleni.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>

7.



Masikhulume

Phindela esithombeni ekuqaleni kwesifundo bese usho ukuthi kungenziwani ukuthi kuhlanzwe indawo yenu.

8.



Khari audi

Bhala

Sisebenzisa ofeleba uma sibhala amagama abantu, izinsuku zesonto, izinyanga kanye nezindawo. Bhala amagama adinga ofeleba ubafake lapho befanele khona.

ubhontshisi	
umsombuluko	
ethekwini	
mnu. khumalo	
untulikazi	
ipeni	

9.



Khari audi

Bhala

Enza uhla lwezinto ezingenziwa wumphakathi ukwenza indawo yawo ihlanzeke.



Masizijabulise

Bhala umusho ngesithombe ngasinye kulezi ezilandelayo.


1



2



3



4



1. _____
2. _____
3. _____
4. _____

ISIHLOKO 5

Emsebenzini





Siyasebenza



Masikhulume

- Ubona zinhlobo zini zemisebenzi kulesi sithombe?
- Laba bantu basebenzela bani?
- Ngabe benza misebenzi mini abantu bendawo ohlala kuyo?



2.

Masifunde

UJabulani nomkakhe uJwana banoSiphaza. Bathengisa ijusi, amakhekhe neCoke. Njalo nje uJwana ubhaka amakhekhe amasha ukuze bathengise. Isitolo sabo sihlanzekile siyathandeka futhi. Sonke isikhathi uma bebhaka amakhekhe, kuza abantu abafanayo ukuzothenga.




3.

Thola

Funda lemisho kuzwakale. Bese uthola uphinde uzongelezele amagama akwesobunxele.

hlala/dlala	Ngihlala edolobheni.
abalayo/abafanayo	Njalo nje, abantu abafanayo abeza eSiphaza.
thengisa/tshengisa	Ngithengisa ijusi neCoke.
thanda/thatha	UJwana uthanda ukubhaka amakhekhe.
thandeka/thandaza	Isiphaza sethu sihlabile siyathandeka.
bhala/bhaka	Njalo uJwana uvuka abhake amakhekhe amasha.
umhlola/umholo	UJwana ulande umholo wakhe.





4.

Khari audi

Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

imoto ukuthenga ngisebenzela

ebhange uThobile uphethe

wubaba imali uthola ngokuzisebenza ening i



5.

Masifunde

uMandla

Ngisebenzela umlimi epulazini. Umsebenzi ngiba nawo ehlobo kuphela. Ebusika awukho umsebenzi. Ngakho-ke, ngithengisa izinkuni ukuze ngiziphilise. Kudingeka ngiye eThusong Centre ngiyofuna itoho.



uBusisiwe

Mina ngisebenza ehhovisi. Kufanele ngemukele izincingo ngisebenze nangekhompyutha. Ngithumela amafeksi. Kudingeka ngisebenze isikhathi eside nsuku zonke. Ngafunda ukusebenzisa ikhompyutha lapha eThusong Centre.



uJabu

Ngingumhlabeleli. Ngisebhendini. Ngisebenza ebusuku bese emini ngiyaphumula. Ngithola imali eyenele ukondla umndeni wami.



uThembekile

Mina ngiyazisebenza. Ngithengisa ukudla eduze nerenki yamabhasi. Njalo ngiba nokudla okusele komndeni wami. Ngisebenzela ngaphandle lapha emabhasini. Ehlobo lingishisa kakhulu ilanga.



6.



Masikhulume

- Laba bantu baziphilisa ngani umuntu ngamunye?
- Ngubani osebenzela ukuholelwa?
- Ngubani ongakwenzi lokho?

7.



Khari audi

Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisele yini (yebo) noma awuqinisele (cha).

	Yebo	Cha
UBusi usebenzisa ikhompuyutha emsebenzini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
UJabu usebenza ngogandaganda.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
UMandla usebenza epulazini.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Lena eminye imisebenzi ithikanyezwa yisimo sezulu.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Abanye abantu basebenza nasebusuku.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>

Ungaya eMnyango weZemisebenzi uzame ukuthola umsebenzi. Kulo Mnyango baphinde basize abantu abafuna ukuqala amabhizinisi abo. Uma uhlala emaphandleni, kude nalo Mnyango weZemisebenzi, kufanele ufune umahambanendlwana walo Mnyango. Lo Mnyango uzokusiza nganoma yiluphi udaba oluthinta umsebenzi.



Masikhulume

- Sidinga nini ukugcwalisa amafomu?
- Lwazi luni esifanelwe ukulugcwalisa emafomini?



Bhala Gcwalisa leli fomu.

Igama: _____

Isibongo: _____

Inombolo ye-ID:

Ikheli: _____

Ikhodi yeposi:

Ucingo: _____

Sayinda _____

Kunzima ukuthola umsebenzi. Uma usebenza, qiniseka ukuthi ubhalisile eMnyango we-UIF. Phela ungaluthola usizo uma uphelelwa ngumsebenzi, noma ushona, kumbe-ke wehluleka ukusebenza ngesizathu sokugula noma ukukhubazeka. UMnyango we-UIF uyaye ukhokhe umholo wakho uma uthatha ilivu yokuyobeletha.





10.

Masizijabulise

Buka lawa mawashi alandelayo bese uwaqhathanisa nacwayizayo. Emva kwalokho ugcalalise isikhathi ezikhaleni ozibonayo njengoba kwenziwe esibonelweni.

Ihora lesishiyagalolunye ezimpondweni



Seven empty rounded rectangular boxes for writing answers.



Ngizisebenza



1



2



3



Masikhulume

- Ubona zinhlobo zini zemisebenzi kulesi sithombe?
- Laba bantu basebenzela bani?
- Kukhona abantu abazisebenzayo obaziyo? Xoxa ngalokho abakwenzayo.



Masifunde

Ngiqhina abantu nsuku zonke. Ngisebenzela ngaphansi kwesihlahla esikhulukazi esiluhlaza cwe maduze nomgwaqo. Ngithola imali nsuku zonke. Ngizakwazi ukusebenza ebusuku ngogesi okhanya bha. Kodwa angikwazi ukusebenza uma lina.



Thola

Funda lemisho uyiphimise. Bese uthola uphinde ubiyele amagama avezwe ngasesinxeleni.

hlola/thoba/ thola	Ngithola imali nsuku zonke.
cwe/cwaka/ bhakla	Ngisebenzela ngaphansi kwesihlahla esikhulukazi esiluhlaza cwe eduze nomgwaqo.
ummbila/ imvubu/imvula	Angikwazi ukusebenza uma imvula ina.
hlangana/ sangana/ hlamba	Uma sihlangana emgwaqweni siyabingelelana.
hluleka/lina/ nina	Ngiyazi ukuthi ngiyehluleka ukuqeda umsebenzi wami.
khulumile/ phathekile/ khathazekile	Ukhathazekile ngoba ulahlekelwe yimali yonke.
hlala/bhala/lala	Ngaphambi kokulala, ubala imali ayenzile.



Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

yonke ulahlekelwe futhi yimali uyakhala

ubuhlalu bona bami ngani ukuthi buhle

ngikhokhe manje nakanjani kufanele

5.



Masifunde



Ubuhlalu bukaThembeka buyakhuluma

Eminyakeni embalwa edlule, uThembeka Nkamba-Van Wyk wabona omama ababili bethengisa amagwinya emgwaqweni. Wababuza ukuthi yini enye abangayenza, omunye wabo wathi: "Mina ngakha ubuhlalu kodwa-ke anginamali yokubuthenga."


Wamnika uR200 wabe esemcela ukuthi abakhe ukuze akwazi ukuzithengisela umsebenzi awenzile ngobuhlalu.

Ngakusasa, wabuyela kuThembeka lo mama. Ubephethe unodoli omuhle kabi. Masinyane uThembeka wayesenendathane yama-oda ale nto aseenzile ngobuhlalu.

UThembeka wavele wasungula ibhizinisi ebizwa ngokuthi Ubuhlalu Buyakhuluma. Wabaqeqesha labo mama ukuthi bakhe futhi bathengise izinto abazenzile. Bebejabule kabi ngoba basebekwazi ukusebenzela lapho babehlala khona. Labo mama babekuthanda ukusebenzisana ngamaqembu. Namuhla yizinkulungwane zawomama ezizenzela imali ngokwakha ubuhlalu.

Besasebenza, uThembeka ubafundisa ngeHIV/AIDS. Uyazi ukuthi usomabhizinisi oqotho kudingeka anakekele nabanye.





6.

Masikhulume

- Luhlobo luni lwebhizinisi olwaqalwa nguThembeka?
- Ithengisani le bhizinisi?
- Ngubani osebenza kuleli bhizinisi?



Khari audi

7.

Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisele yini (yebo) noma awuqinisele (cha).

	Yebo	Cha
UThembeka wasungula iBuhlalu Buyakhuluma.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Usebenza yedwa vo.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Uqashe omama abazinkulungwane.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
UThembeka uyabanakekela labo mama.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Omama bayakujabulela ukusebenza kwaBuhlalu Buyakhuluma.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>





10.

Masizijabulise

Thatha umyalezo ocingweni
Wena nomakhelwane wakho enzani sengathi
nishayelana ucingo bese nigcwalisa izikhala efomini
lomyalezo wocingo.

Umbiko wacingo

Ngumlayezo ka: _____

Umlayezo uvela

Igama: _____

Isibongo: _____

Inombolo yocingo: _____

Usuku: _____

Isikhathi: _____


Umlayezo: _____

Umlayezo uthathwe ngu: _____

Ukusayina: _____



Ukufuna umsebenzi



Masikhulume

- Unamakhono mani emsebenzini?
- Uke wasifaka isicelo somsebenzi?
- Uma kunjalo, ake uxoxele ikilasi ngokwenzeka.



2.

Masifunde

Ngifunde ngomsebenzi othize ephepheni. Ngabe sengibhala incwadi. Emva kwalokho ngaya ukuyohloliswa umsebenzi. Bengigqoke kahle ngihlanzekile. Ngafika ngesikhathi. Ngangiphethe incwadi yami kamazisi, i-ID, esikhwameni.



Thola

Funda lemisho uyiphimise. Bese uthola uphinde ubiyele amagama avezwe ngasesinxeleni.

ngimhlophe/ngimuhle/ngihlehlile	Ngangihlobile ngimuhle uma ngiya ukuyohlololwa umsebenzi.
khulula/khuluma/khumbula	Ngakhuluma ngomsebenzi ngabe sengibhala incwadi.
isikhwama/isikhala/isikhathi	Ngingahle ngifike ngesikhathi ekuhlololweni umsebenzi.
kusasa/kusihlwa/ekuseni	Bazongiholela namuhla kusihlwa.
weta/wela/yela	Nginolwazi olubanzi ngokuba nguweta.
bhema/bheka/bheda	Angibhemi ekhaya, angibhemi nasemsebenzini.
dlephudlephu/budlakadlaka/hlikilili	Ngangingembethe budlakadlaka.



Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

umsebenzi	Themba	ufuna	kanzima

ijusi	ngithengisa	kanye	neCoke


esikhanyayo	ebusuku	isibani	kudingeka





Masifunde

Funda lezi zikhangiso zemisebenzi ezilandelayo.



KUFUNEKA UWETA EKAPA. KUDINGEKA ABE NOLWAZI OLUBANZI.

Akwazi ukufunda nokuzibhalela. Shaya ucingo phambi komhlaka 12 kuUnhlangulana ukhulelela ukhulolelwa lo msebenzi.

UYATHANDA UKUSEBENZA NGABANTWANA?

Uyakwazi ukufunda nokubhala? Uma kunjalo, thintana noLihle osenkulisa iSIYAFUNDA namuhla. SiseNasipoti. Ucingo: 013 234 5678



KUFUNEKA UMSHAYELI WELOLI EPOLOKWANE.

Akwazi ukufunda. Abe nezincwadi zokushayela.



Thumela isicelo sakho engakashayi umhlaka 17 kuUnhlangulana

KUFUNEKA UMUNTU OZOSEBENZA ENDLINI ETHEKWINI.

Uzophatha umntwana ononyaka owodwa (1). Okudingekayo: Inkosikazi enolwazi olubanzi ngalo msebenzi. Okwaziyo ukufunda nokubhala. Thintana noMama uMkhonto Ucingo: 031 234 5678



UMEMUKELI WEZIMALI.

Abe nolwazi olubanzi lomsebenzi. eSUPER STORE eRustenburg. Gcwalisa ifomu eSUPER STORE kungakashayi umhlaka 3 kuUntulikazi.



6.



Masikhulume

- Zinhlobo zini zemisebenzi ezikhangisiwe?
- Kudingeka lwazi luni emsebenzini ngamunye?
- Umuntu ngamunye kudingeka enzeni ukuze afake isicelo somsebenzi?

7.



Khari gudi

Bhala

Khetha owodwa wale misebenzi bese uphendula imibuzo engezansi.

- Msebenzi muni?

- Ukuphi nendawo lo msebenzi?

- Kudingeka ulwazi olunjani kanye namakhono mani?

8.



Masikhulume

Yenza isilinganiso nomakhelwane wakho umhlelele owodwa wale misebenzi.



Bhala

Gewalisa leli fomu. Libizwa ngomlando-mpilo. Umlando-mpilo unikeza ulwazi ngempilo yomuntu, amakhono akhe kanye nendlela awuqweqwe ngayo.

Umlando-mpilo wakho (iCV)

IMINININGWANE YAKHO

Isibongo:

Amagama okuzalwa:

Inombolo yocingo:

Ikheli:

..... Ubudala:

Usuku Lokuzalwa: Ubulili: Owesilisa Owesifazane

Izilimi ozikhulumayo:

Inombolo ye-ID:

ULWAZI OLUBANZI LOMSEBENZI

Uhlobo lomsebenzi ongawenza:

Amakhono onawo:

OLUNYE ULWAZI

Ukuchitha isizungu:

OFAKAZI

Igama likafakazi:

Inombolo yocingo kafakazi :



Umholiswano



Masikhulume

- Ngabe uyingxenywe yekomidi lokuzalisa imali na?
- Nihlangana amahlandla amangaki?
- Mangaki amalungu ale nhlangano yenu?



Masifunde

Sinekomidi elinakekela abantu abadala. Sidinga ukuzalisa imali esesikhwameni sethu ukuze kutholakale ukudla.



Tthola

Funda lemisho uyiphimise. Bese uthola uphinde ubiyele amagama avezwe ngasesinxeleni.

fihla/finyela/ finyelela	Kunzima ukufinyelela kubantu abagwilikile.
iziguli/izigubhu/ izigwili	Kasifani. Abanye bethu bampofu abanye bayizigwili.
iphelile/ iphephile/ siphephile	Songa imali yethu ebhange. Iphephile.
vakashela/ nakekela/kekela	Sinakekela abakhulile.
izimbali/imbali/ izimali	Sizama ukuzalisa izimali.
landela/landa/ andisa	UJ wana weza ukuzolanda umholo wakhe.



Khari gudi

Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

wakhe	wawulanda	ubaba	umbhede

jabulisa	kahle	kulukhuni	bonke abantu

ongeke	uyikhokhe	imali	kubi ukuboleka





Masifunde

Inhlangano yomholiswano ihlangana kanye ngenyanga. Kunabantu abaningi abadala kulesi godi. Badinga ukunakekelwa. Kunabanakekeli abathathu kuphela. Bona bondla babuye basize laba abadala ngokuningi uma sebesele bodwa.

Inhlangano iqokelela imali yokukhokhela ukudla nokuholela abanakekeli.

Imithetho yenhlangano

- Sihlangana kanye ngenyanga.
- Siqokelela R10 emndenini ngamunye.
- Sinikeza amarisidi uma semukela imali.
- Siyanikezana amathuba okuyofaka imali ebhange.
- USihlalo ugcina ibhuku lasebhange.

Njalo uma usebenza ngezimali, udinga ukubhala imithetho ukuze ukwazi ukuvimbela ukukhwabaniselwa izimali.



Masikhulume

- Ngabe ulilunga lenhlangano ephatha izimali?
- Zinselele zini le nhlangano engahle ihlangabezane nazo?



Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisile yini (yebo) noma awuqinisile (cha).

	Yebo	Cha
Inhlangano iqokelela imali yabantu abadala.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Bahlangana emva kwamaviki amabili.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Baqokelela R100 umuntu ngamunye.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Imali bayigcina ngaphansi kwemibhede.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Inemithetho le nhlangano.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>



Masikhulume

- Yini engahamba kabi ngamaqembu okuzalisa imali?
- Zikhona yini izinhlangano ozaziyo ezinezinkinga?





Bhala
Gcwalisa leli fomu lenhlangano yomholiswano
iSiyazongela.

UMHOLISWANO ISIYAZONGELA

IRISIDI

Kwamukelwe R

Ivela

Usuku

Inhloso yayo

Ukusayina

1. Bhala uhlelo lwemihlangano ezayo.
2. Bhala imithetho yenhlangano yenu.



Masizijabulise

Funda uphinde uxoxe ngesifakasizo somholo kaJabu.

 SUPER BAKERY			
ISIFAKAZISO SOMHOLO			
Igama: JABU NTULI		Inombolo yomqashwa: 203	
Uhlobo lomsebenzi: Umshayeli		Usuku: 30 Ulwezi 2008	
Imali eyenziwe		Ebanjiwe	
Umholo	R3 120.00	Intela	R1 104.00
Isikhathi esengeziwe		Eyempesheni	R 210.00
18 amahora	R2 160.00	Eyabangasebenzi	R 31.20
		Eyabezempilo	R 100.80
		Isamba esibanjiwe	R1 446.00
Ngenyanga			
Isamba somholo	R5 280.00		
Isamba esibanjiwe	R1 446.00		
Umholo osele	R3 834.00		
		Umholo osele	R 3 834.00



Udaba lwezimali



Masikhulume

- Kwenzekani kulezi zithombe?
- Unayo i-akhawunti yakho ebhange?
- Kungani kuyinto enhle ukuvula i-akhawunti ebhange?



2.

Masifunde

Imali kagogo wami yempesheni ifikela ebhange ku-akhawunti yakhe. Njalo ngenyanga ugogo uya ebhange ayoyikhokha. Eyami imali ngiyonga ebhange ngoba liphephile. Ngiyajabula ukuthi ngikwazi ukufunda ngoba ngingazigcwalisela mina amafomu ebhange ngibuye ngisebenzise ne-ATM.



Thola

Funda lemisho uyiphimise. Bese uthola uphinde ubiyele amagama avezwe ngasesinxeleni.

ebhange/ ubhala/ibanga	Imali kagogo yempesheni ifikela ebhange lakhe.
hlela/lula/ lungisa	Ngilungisa kuqala uhla lwalokho engizokudinga ngingakayisebenzisi imali.
yonga/ inyonga/yona	Imali yami ngiyonga ebhange ngoba liphephile.
i-PIN/i-ATM/ i-AGM	Ngiyakwazi ukusebenzisa i-ATM.
imfihlo/ufohlo/ fihla	NginePIN namba yami eyimfihlo yekhadi lami le- ATM.
i-akhawunti/ akhona/ ekhweni	Sengivule i-akhawunti yami ebhange.
sayizwa/ sayitsheni/ sayinda	Ngiyakwazi ukusayinda igama lami mina.



Khari gudi

Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

ebhange mina ekuseni ngiya

lami nginekhadi lasebhange manje

yami intshontshwe imali yakithi endlini kuthangi



5.



Masifunde

Sawubona ndodakazi.

Ngifuna ukuvula i-akhawunti yami khona lapha ebhange ntombi.

Yebo mama. Ngingakusiza?

Uzoba nemali ozoyithola nyanga zonke yini?

Yebo. Ngithola impesheni yami kanye noxhaso lokunakekela abazukulu bami ababili.

Kuzodingeka ugcwalise ubuye usayinde leli fomu. Ubuye ulethe i-ID yakho, nobufakazi bendawo ohlala kuyo.

Ngisize bo, ngabe iphephile nje imali yami ebhange?

Yebo, mama. Kodwa ungalingi utshele omunye umuntu inombolo yakho yePIN. Iyimfihlo. Ungalisebenzisa ikhadi lakho le-ATM ukukhokha imali yakho ku-ATM noma kunini - emini nasebusuku. Nali leli fomu .

Ngicela ukuboleka R3000 ebhange.

Akunankinga singakuboleka. Kodwa-ke udinga ukusikhombisa ukuthi uzokwazi yini ukuyikhokha.



6.

Masidlale

Ake nilingise ukudlalwa kwale ndaba engenhla.



7.

Khari gudi

Bhala

Xoxisana nomngane wakho ngale misho bese ubeka uphawu olushoyo ukuthi umusho uqinisele yini (yebo) noma awuqinisele (cha).

	Yebo	Cha
UMaMhlanga waya ebhange.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Uthola imali yempesheni neyesondlo sabantwana zinyanga zonke.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Angabazisa abantu abanye inombolo yakhe ye-PIN.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Ufuna ukwazi ukuthi ngabe imali yakhe iphephile yini ebhange.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Imali angayikhipha emini kuphela ku-ATM.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>
Udinga i-ID, umholo, nendawo yokuhlala.	<input type="checkbox"/>	<input type="checkbox"/>



8.

Masikhulume

- Malini engenayo kithina ngenyanga?
- Singahlela kanjani ukuthi sizoyisebenzisa kanjani imali yethu?



Bhala

Gcwalisa lolu hlelo lokusebenzisa imali.

Ingakanani imali engena kulo mndeni? Malini imali echithekayo. ngenyanga?

Ungasebenzisa malini kulokhu:

Ukudla	R
Irenti	R
Imali yesikole	R
Ukuggoka	R
Ukuhamba	R
Isosayathi/ukonga	R
Sekukonke usebenzisa malini?	R
Ikhona imali esalayo?	R






Masizijabulise
Ukukhuluma ngezandla. Zama ukusho lokhu:



Intombazane



Umbhede



Incwadi



Phuza



Umfana



Yidla



Engeza



Indlu




Ngiyacela



Emsebenzini

Bhala umusho ngesithombe ngasinye kulezi ezilandelayo.



1. _____

2. _____

3. _____

4. _____

ISIHLOKO 6

Umhlaba ungumama wethu,
uyikhaya lethu





Ukudla kanye nezihlahla zase- Afrika



Masikhulume

- Kwenzekani esithombeni?
- Yiziphi izihlahla nezithombo okutshalile wena ekhaya?
- Kuhle ngani ukuthi imindeni yonke ibe nezihlahla emakhaya?
- Sishiso yini ukuthi umhlaba ungumama wethu?



Masifunde

Siphila kulo mhlaba ongumama wethu. Siwubiza ngomama ngoba usinika ukudla ukuba sikwazi ukuphila. Besingeke sikwazi ukutshala okudliwayo ukuba besingenawo umoya ohlanzekile kanye namanzi. Besingeke sikwazi ukutshala amazambane, ummbila, ubhontshisi kanye nezithelo. Uma singehluleka ukutshala izinto ezidliwayo, yonke into ephilayo emhlabeni izofa.



Khari gudi

Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

imifino	ngitshala	esivandeni	nezithelo	sami

wethu	uyasiphilisa	umhlaba	ongumama	

kanye	sidinga	ohlanzekile	umoya	
	ukuba	siphile	namanzi	



Masifunde



Qala ngokususa ukhula bese ucenta ingxenye eyodwa yendawo.

Sewungalandelisa ngokuhlala kahle umhlabathi.



Lungisa indawo ezoba nesitshalo. Kumele ibe banzana kunesitshalo uqobo.

Xuba umanyolo nenhlabathi bese ukufaka emgodini.



Faka isitshalo emgodini bese ubuyisela inhlabathi. Nisela nsukuzonke ekuseni. Ungasiniseli isitshalo ngamanzi amaningi ngokweqile kumbe amancane kakhulu.

5.



Masikhulume

Masifunde izinyathelo zokutshala. Chazela umakhelwane wakho ukuthi inhlabathi ilungiswa kanjani.

6.



Thola

Funda imiyalelo yokutshala bese ugcwalisa ezikheleni ngamagama afanele kule misho elandelayo. Sebenzisa amagama asebhokisini.

okukhulu mude umquba sasekuseni
 ntambama ukhula izihlahla ukuhhala

Kumele siluhlakule _____ uma sifuna ukulungisa indawo yokutshala.

Emva kokuhlakula sifanele _____ inhlabathi.

Umgodi mawube _____ kunesitshalo.

Kumele sixube _____ nenhlabathi.

Isikhathi _____ sihle ukunisela isivande.



Masifundele ukuzijabulisa

Isihlahla somganu

Ngolunye usuku indoda yayizihambela nje. Eduze nomgwaqo yabona ithanga limilile. Yamangala ukubona isitshalo salolu hlobo sinesithelo esikhulu kangaka. Yacabanga: 'Kungabe uNkulunkulu wenzelani ukuthi anike isitshalo esincane kangaka isithelo esikhulu kanje?'

Yanikina ikhanda.

Yaqhubeka nohambo

lwayo. Yahamba isikhashana yezwa ukuthi ikhathele.

Yabona isihlahla esikhulu somganu, yaya phansi kwaso yafika yalala. Uma ibheka phezulu

esihlahleni ilele,

yamangala ukuthi yini isihlahla esikhulu kangaka sinezithelo ezincane kangakaya.

Yazumeka. Ngesikhashana nje ilele, isithelo semarula sawela ekhanda.

Yavuka. Kwaba yikhona ibonayo ukuthi

uNkulunkulu wahlakanipha

ukunika isihlahla esikhulu

kanjena isithelo esincane

njengomganu bese


kuthi isitshalo esincane

njengethanga sibe nesithelo esikhulu kangaka. Uma

umganu yayingangethanga

ngabe yalimala kakhulu

kulokho kuwelwa yisithelo.





Khari audi

Bhala

Bhala isigaba esisodwa uxoxe ngesivande sakho. Ungawasebenzisa lawa magama angezansi.

- izimbali
- imifino
- izithelo
- isitshalo
- amanzi
- imifino emisha
- ukuhlakula
- ukudla okunempilo
- usizo lwezingane




Masizijabulise

Isithombe 1 sinjengoba sisibona sivele ngaphambili. Isithombe 2 sikhombisa esiyikho nxa siqhanyukelwe esibhakabhakeni. Sifana nebalazwe. Dweba imigqa ukhombise izindawo ezehlukene ezithombeni zombili.



1




2

- izindlu
- eveni
- umshini odonsa amanzi
- isivande
- isihlahla
- idamu elincane
- inkomazi
- isigubhu
- ucingo



Indawo esikuyo



1



2



Masikhulume

Buka izithombe ezingenhla bese uxoxa ngoguquko olubona endaweni ekuzo.

- Ucabanga ukuthi yini ebangele lolu guquko olubona esithombeni l kanye nasesithombeni 2?
- Yini obona ukuthi ingaba yinhle kubantu besithombe l?
- Yini obona ukuthi ingaba yinhle kubantu besithombe 2?
- Zinkinga zini ocabanga ukuthi banazo abantu abasesithombeni 2?



2.

Masifunde

Singayichaza sithi iyini indawo esiphila kuyo? Mhlawumbe singathi wumoya esiwuphefumulayo kanye namanzi esiwaphuzayo. Yizitshalo esinazo kanye nezilwane. Singazibala nezinto ezingaphili njengamatshe nokunye njengengxenye yendawo esikuyo. Indawo esikuyo izizinto zonke ezisizungezile lapho siphila khona.



3.

Bhala

Yenza uhla lwezinto ezingaphili kanye neziphilayo ongahle ukwazi ukuzikhumbula.

Okuphilayo

Okungaphili

izitshalo

amatshe

Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



4.

Masifundele ukuzijabulisa

Impilo yethu kayisafani neyawobabamkhulu. Sesihambe ibanga elide ekuguquleni umhlaba siwenze usiphilise kangcono. Sesihlala ezindlini esikhundleni semigede. Sigqoka izingubo, sisebenzisa izithuthi kanye nogesi. Lezi zinto zenziwe ngumuntu zonke.

Kudala yonke into umuntu ayeyisebenzisa yayingeyemvelo. Abantu babephila ngezinto zemvelo njengamanzi, izilwane, izitshalo kanye nomoya

5.



Masikhulume

- Zinto zini esingathi ngezenziwe ngumuntu?
- Yiziphi esingathi ngezemvelo?
- Zinto zini ezenziwe ngumuntu ozisebenzisayo?
- Yiziphi ezemvelo ozisebenzisayo?





6.

Bhala
Phendula lemibuzo elandelayo.

Seyiguquke kangakanani impilo esiyiphila namuhla kweyakudala

Nikeza izinto ezinhlanu zemvelo ezitholakala endaweni ophila kuyo

Nikeza izinto ezinhlanu ezenziwe ngumuntu ezitholakala endaweni ophila kuyo



7.

Bhala
Sebenzisa lezi zinkomba ukuveza umlayezo olandelayo.

A	B	C	D	E	F	G	H	I	J	K	L	M
@	()	&	\$	*	<	>	^	#	+	=	/
N	O	P	Q	R	S	T	U	V	W	X	Y	Z
?	\		[]	{	}	.	~	'	"	:	;

^ / ~ \$ = \ ^ : @ = , & ^ ? < @ , { ^ ; = ' \$ } > ,

Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



8.

Khari audi

Masisebenze

Yenza umdwebo oquethe izinto ezingasiza abantu ukuthi banakekele kanjani indawo abaphila kuyo. Lomdwebo kumele ukhulume ngezitshalo, izihlahla, izilwane kanye nezakhiwo. Uma sewukwenzile lokho chazela ikilasi ngomdwebo wakho.



9.

Khari audi

Bhala

Bhala umusho ochaza inkinga enkulu kunazo zonke ekhona endaweni ophila kuyo. Yisho ukuthi yini engenziwa ukulwa naleyo nkinga.



Masizijabulise
Uhlelo lwami lonyaka.
Gcwalisa izinto ozenza nyanga zonke.

Umasingana	Unhlolanja	Undasa
Umbasa	Unhlaba	Unhlangulana
Untulikazi	UNcwaba	Umandulo
Umfumfu	Ulwezi	UZibandlela

Unhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



Sixazulula inkinga yokunukubezeka kwemvelo



Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



Masikhulume

Bukisisa isithombe esingenhla bese uxoxa ngalokhu okulandelayo.

- Yini engahambi kahle ezithombeni zombili?
- Kukhona ukunukubezeka kwemvelo endaweni ohlala kuyo? Uma kunjalo, okwaluhlobo luni?



2.

Masifunde

Ukunukubezeka kwemvelo kudalwa yintuthu ekhishwa ukuduma kwezimoto kanye namafemu. Akufanele silahle ukungcola noma yikuphi. Ukungcola kunukubeza izindawo zethu. Kuphinde kwenze izindawo zingabukeki. Ukunukubezeka kwamanzi kubangwa ngabantu abalahla amathini kanye nodoti emifuleni.



3.

Bhala

Hlela lawa magama asebhokisini enze umusho ozwakalayo.

babanga abantu ukungcola

zethu sigcine kumele zihlanzekile izindawo

ukunukubezeka kalula kwemvelo singakuvika



4.

Masikhulume

- Zikhona yini izinkinga zokunukubezeka komoya, kwamanzi, komsindo kumbe kwenhlabathi endaweni yakini?
- Yiziphi izindawo zomphakathi wangakini ezinokunukubezeka? Ngokwaluhlobo luni?



Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



Masifunde

Funda udaba olusephephandabeni bese uphendula imibuzo elandelayo

ISOLEZWE

'Abantu abayotholakala bengcolisa bazobekwa icala', kwasho uNdllovu iKhansela. 'UMasipala uchitha imali eningi minyaka yonke ekhuculula ukungcola okwenziwa ngabantu emigwaqweni, emarenke, ezinkundleni zemidlalo yebhola lezinyawo kanye nelombhoxo. Imigwaqo edolobheni lakithi ingcole kabi. Nakuba abantu beqikelela ukungawangcolisi amakhaya abo, kodwa abanandaba nokungcolisa izindawo zomphakathi. Ukuhlanzeka kunezimpawu zokukholwa. Ukuhlanzeka kuyilungelo lethu. Ngalawa maholide kuzokhishwa amaphoyisa angama-50 azobhekela ukuhlanzeka ngokubamba abophe bonke abangcolisa izindawo zemiphakathi.'



Khari gudi

Bhala

Ngubani igama leKhansela?

Mangaki amaphoyisa azokhishwa ukubhekela ukuhlanzeka komphakathi?

Kuzokwenzekani kulabo abazobanjwa bengcolisa izindawo?

Kuvame ukubonakala kuphi ukungcola okukhulu?



7.

Masifunde

Izinto esezilahliwe emakhaya

Uma sakha okuthile ngezinto esezilahliwe sikubiza lokho ngokusebenzisa kabusha kumbe ngokwakha kabusha. Zinto zini ezintathu ozilahlayo ongahle uzisebenzise kabusha?



Ngisebenzisa amaphepha amadala ukwenza amathileyi ephapha. Ngiyawagaya amaphepha ngiwahlanganise neglu aphenduke ubumba. Abanye abantu benza ifenisha kanye namabhokisi amahle ngalokhu. Amathileyi engiwenzile ngibe sengiwathengisela abavakashi.



Ngisebenzisa amabhokisi asebenzile ejusi ukwakha izikhwama. Ngiyawathunga ngiwahlanganise nendwangu amabhokisi lawa bese ngifaka uziphu wokuvala. Bafisa ukuzithenga bonke abantu izikhwama zami.



Ngiyaye ngisike amapulasitiki bese ngiwakhilasha ngakhe izikhwama. Ngalokhu ngenza futhi izigqoko kanye nawomata. Ngiyajabula ukuthi asisazingcolisi izindawo zethu ngokulahla izikhwama. Ziqinile izikhwama engizenzayo uyakwazi nokuziwasha uma uthanda.



Ngisebenzisa amathini amadala eziphuzo kanye nocingo ukwenza izibani kanye nemihlobiso. Kuhle ngemibalabala lokhu. Abantu bahlala bekuthenga kimi.



Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



Masikhulume

- Ake uxoxe ngokuthi laba bantu benza kanjani ukuthi baphinde basebenzise kabusha izinto esezisetshenziwe zalahlwa.
- Bekuyokwenzekani ngamathini namaphepha ukuba bekungaphindanga kwasetshenziswa ngale ndlela?
- Xoxela abangane bakho ukuthi uzisebenzisa kanjani kabusha izinto ezindala esezilahliwe ekhaya.
- Kungabe kukhona okunye okukhumbulayo okunokusetshenziswa futhi kade sekulahliwe?



Bhala

Bhala incwadi uyibhekise eKhanseleni lakho ukhononde ngokungcola okusendaweni yakini. Ungakhohlwa ukunika iKhansela imibono yokuthi izinto ezindala zingasetshenziswa kanjani kabusha.

Mnumzane _____

Yimi ozithobile

Ulusayina



Igama



fun fun fun

Masizijabulise


Qedela lemidwebo. Hlanganisa amachashazi ze uthole ukuthi sithombe sini esifihleke kubo.



Umhlaba ungumama wethu, uyikhaya lethu



Endaweni yangakithi



Masikhulume

- Ubonani esithombeni?
- Kungabe indawo yangakini ihlanzeke njengalena esesithombeni?
- Zinhlobo zini zezinkinga eninazo eziphathelene nendawo yangakini?



Bhala

Beka uphawu kulokho okuwuhlobo lwezinkinga ezikhona

Uhlobo lwenkinga

udoti omningi <input type="checkbox"/>	amanzi amile kanye nawomiyane <input type="checkbox"/>
ukucinana kwabantu <input type="checkbox"/>	amanzi angcolile eduze nekhaya <input type="checkbox"/>
intuthu <input type="checkbox"/>	ukungabikho kwezitshalo <input type="checkbox"/>
imililo <input type="checkbox"/>	ukungathuthwa kukadoti <input type="checkbox"/>
imifula engcolile ukungabikho kwezindlu <input type="checkbox"/>	izimpukane izingane ezibhukuda <input type="checkbox"/>
zangasese <input type="checkbox"/>	emanzini aphuzwayo <input type="checkbox"/>
umsindo omkhulu <input type="checkbox"/>	abantu abahlanza izinto ezingcolile emanzini aphuzwayo <input type="checkbox"/>



Thola

Dweba ibalazwe lapho uhlala khona. Khombisa lezi zinto ebalazweni lelo.

ompompi	amapaki	izilwane eziphilayo	ezolimo
izihlahla	izimboni	ezokuthutha	udoti omningi
amanzi	izikole	intuthu	amarenke amatekisi

Indawo engihlala kuyo



4.
Kharigudi

Bhala

Sinjani isimo salezi zinto endaweni yangakini: samanzi, somoya, senhlabathi, samahlathi, impilo yezilwane, ezolimo? Beka uphawu kwikholomu efanele.

IKHADI LOMBIKO WOBUNJALO BENDAWO

	Kuhle 	Kuyamukeleka 	Kubi 
amanzi			
umoya			
inhlabathi			
izihlahla			
impilo yezilwane			
ezolimo			

5.



Masikhulume

- Zinkinga zini ezithinta indawo emphakathini wangakini?
- Yini ongayenza ukulungisa isimo sendawo lapho uhlala khona?

6.



Khari audi

Bhala

Gcwalisa ngegama elifanele esikhaleni. Sebenzisa amagama asebhokisini.

izihlahla imifino ukunukubezwa sifundise

Akufanele sivumele _____ kwemifula.

Kumele sitshale _____.

Kumele siyihlanze _____.

Kumele _____ abantwana ukunakekela izindawo zabo.

7.



Masidlale

Nkz Ndlovu	Nngifunde ukuthi kumele sitshale izihlahla eziningi.
Mnu Ndlovu	Isizathu ukuthi abantu basebenzisa izihlahla eziningi nxa bebasa noma bakha ifenisha kumbe benza iphepha. Akusesikhathi ziphele nya izihlahla.
